USomlomo Ohloniphekile, uNks Nosiviwe Mapisa-Nqakula

uMhlonishwa, uMongameli uCyril Ramaphosa

UMhlonishwa, uSekela-Mongameli u-Paul Mashatile

Ozakwabo Bekhabhinethi

Amalungu Ekomidi Eliphethe Ezezimali

Amalungu Ahloniphekile

UMengameli Webhange-Ngodla LaseNingizimu Afrika

uKhomishani Wophiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika

Abantu baseNingizimu Afrika

## ISINGENISO

Somlomo, ngokusho kosomnotho ababili abaqavile, u-Alberto Alesina kanye no-Dani Rodrik, "Umehluko oluhlaza phakathi kwezomnotho nezembusazwe kungaba ukuthi umnotho ubhekene nokwandisa umnotho okuyilapho ezombusazwe zimayelana nokuwusabalalisa".

Iphuzu, Nkosikazi Somlomo, ngukuthi isabelo zikawelonke yisona esinikeza ulwazi, futhi ekugcineni sinquma, ukufezeka kwesibopho sethu sezombangazwe esiwukusabalalisa kabusha.

Eyethu intsisekelo eminyakeni engaphezu kwengama-30 edlule kube wukubuyisela bobubili ubulungiswa obezenhlalo bezomnotho ubulungiswa esizweni sakithi, kanye nokubhekana ngqo nokungalingani okwakuwuphawu lokucwasa okuhlelekile nokuphucwa umhlaba.

Izabelozimali esizethule kusukela ngonyaka we-1994, bezimayelana nokufeza inhloso yokukhulisa umnotho, ukuze ngakho lokho thina senze okuningi ukubhekana nokungalingani futhi nokuswela lokho okusalimaza umphakathi wethu futhi nokubukela phansi isithembiso sentando yeningi.

Ngakho-ke, kungokwazi okukhulu futhi nenhloso ukuthi ngime ngaphambi kwenu ukuzonethulela lesi sabelozimali sokugcina sombuso wesithupha wentando yeningi.

Somlomo, ngakho-ke ngethula imibhalo elandelayo ngaphambi kwale ndlu:

- UMthethosivivinywa Wophiko Lwentela wonyaka we-2024;
- UMthethosivivinywa Wokwabiwa Kwezimali wonyaka we-2024;
- Izilinganiso Zezindleko Zikazwelonke;
- Isibuyekezo Sesabelozimali sonyaka we-2024;
- Uhlaka Lwezezimali lonyaka we-2024;
- UMthethosivivinywa Wokulungiswa Kwesibili Kokwabiwa Kwezimali;
- INkulumo Yesabelozimali; kanye
- UMthethosivivinywa Wokulungiswa Okuphuthumayo Kwama-akhawunti Egolide Nasezimakethe Zamazwe Omhlaba

## UKUBUKEKA KWEZOMNOTHO

### *Ukubekeka Komhlaba Jikelele*

Ngivumele ukuba ngiqale, Somlomo, ngokubekeka Komhlaba Jikelele.

Ukukhula komhlaba jikelele kubekiselwe ukuba kuzokhula, kusuke kumaphesenti angu-3.1 kulo nyaka kuye kumaphesenti angu-3.2 maphakathi konyaka we-2025.

Ukuthuthuka okungatheni kungenxa youkhula e-United States futhi nakwiminotho emikhulu eminingana esafufusa.

Kukhona ubungozi obungahle bube khona ngenxa yokwenyuka kwentengo kawoyela emhlabeni wonke, uma ukungqubuzana e-Middle East kudlondlobala futhi uma ukukhula kuncipha eShayina - umlingani omkhulu wezwe lethu wezohwebo.

### *Ukubukeka Kwasekhaya*

Yize ukubukeka emhlabeni wonke kungcono ngonyaka we-2024, ukukhula kweNingizimu Afrika kwesikhathi esiseduze kuhlala kuhlukunyezwe izintengo eziphansi zempahla kanye nayizingqinamba zokwakheka.

Silinganisela i-GDP yangempela ukuba ikhule ngamaphesenti ayi-0.6 ngonyaka we-2023. Lokhu kuphansi kusuka kumaphesenti ayi-0.8 okukhula okulinganiselwa ku-MTBPS yonyaka we-2023.

Ukubuyekezwa kungenxa yemiphumela ebuthaka kunaleyo ebilindelwe engxenyeni yesithathu yanyaka we-2023, ikakhulukazi ekusebenziseni wmindenini kanye nokutshalwa kwezimali okungaguquki.

Phakathi konyaka we-2024 kanye nowe-2026, ukukhula kubekiselwe kusilinganiso samaphesenti ayi-1.

Ukubukeka kokukhula kusekelwe ukwehliswa okulindelekile kokuncishiswa kukagesi njengoba amaphrojekhthi amasha kagesi eqala ukukhiqiza, futhi njengoba ukwehla kwamandla emali kusekela ukusebenzisa kwemindeni kanye nokwelulwa kwezikweletu.

Kodwa, kunezingozi futhi ekubukekeni kwasekhaya. Lokhu kubandakanya izingqinamba eziqhubekayo zokuhlinzekwa kukagesi, ujantshi wokuhambisa izimpahla namachweba; kanye namathuba okuthi uhulumeni ehluleke ukukhokhela izikweletu zakhe.

Eyethu inselele, malungu ahlonipheki le, ngukuthu ubukhulu bophayi abukhuli ngokushesha okwanele ukuhlangabezana nezidingo zethu zentuthuko.

## UKUBUKEKA KWEZEZIMALI KANYE NESU

Ngakho-ke, isu lethu lezezimali lisekela ukukhula komnotho futhi linciphisa ubungozi emnothweni ngenkathi liqinisekisa ukusimama kwezezimali.

Uma kuqhathaniswa nonyaka odlule, ukunganeli kwesabelozimali sonyaka we-2023/24 kulinganiselwa ukuthi kuzoba kubi kusuka kumaphesenti ama-4 kuye kumaphesenti ama-4.9 e-GDP.

Ukunganeli kwesabelozimali okukhulu kusho ukuthi izindleko zokukhokhela izikweletu ngonyaka we-2023/24 zibuyekezwe zaba phezulu, ngezigidigidi ezingama-15.7 zamarandi ukuya kuzigidigidi ezingama-356 zamarandi.

Izindleko zokukhokhela izikweletu zizothatha ngaphezu kwamaphesenti angama-20 emali yentela. Ukubeka lokhu, ukusebenzisa imali ekukhokheni izindleko zezikweletu kukhulu kunesabelozimali sokuvikelwa komphakathi, ezempilo, noma ukuthula nokuvikeleka ngokulandelana.

Ngalesi sizathu, Malungu Ahloniphekile , siqinisa isu lethu futhi sibambelele ezinhlosweni zethu zezezimali.

Ukwehliswa okubonalayo kusisekelo sezigidigidi ezingama-R80.6 ezindlekweni ezingenzi nzalo kuyaqaliswa esikhathini esimaphakathi. Ngaso leso sikhathi, imali yentela engenayo ibuyekezwe ngezigidigidi ezingama-45.6 zamarandi esikhathini esimaphakathi, uma kuqhathaniswa neMTBPS yonyaka we-2023. Futhi, sithathe isinqumo sokwethula ukuguqulwa okuPhuthumayo Kwama-akhawunti Egolide Nasezimakethe Zamazwe Omhlaba, eyaziwa nangokuthi i -GFECRA.

Uma kuhlangene, ngisho nokwenyuka kwezindleko engizozimemezela kamuva, isamba semalimboleko sikahulumeni kazwelonke sizokwehla, sisuka kuzigidigidi ezingama-457.7 zamarandi ngonyaka we-2024/25 siye kuzigidigidi ezingama-428.5 zamarandi ngonyaka we-2026/27. Ukunganeli kuzoqala ukuba ngcono ukusukela kunyaka we-2024/25, kuye esilinganisweni samaphesenti ama-4.5 e-GDP, kufinyelele kumaphesenti ama-3.3 ngonyaka we-2026/27.

Isikweletu sizokhuphuka sifike kwisiqongo samaphesenti ama-75.3 e-GDP ngonyaka we-2025/26.

Konke lokhu kusibeka esimweni sokuqhubeka nokuvikela umnyombo wezinsizakalo. Kuvumela amaphasenti angama-60 ekusetshenzisweni kwemali okungenzi nzalo azoqondiswa kumaholo omphakathi. Futhi kuvumela thina ukuba silondoloze ekusetshenzisweni kwemali enkulu.

Uma kuqhathaniswa ne-MTBPS, sengeza izigidigidi ezingama-57.6 zamarandi zokukhokhela amaholo othisha, abahlengikazi nodokotela, phakathi kwezinye izinsizakalo ezibalulekile.

Somlomo, njengoba ngike ngasho ekuqaleni, kulesi sabelozimali simemezela uguquko lwe-GFECRA. I-GFECRA i-akhawunti egcinwe yiBhange Ngodla elithatha izinzuzo futhi nokulahlekelwa ngokuthengiselana ngemali yezwe langaphandle.

Ukubeka kalula nje: uma iRandi liqina uma liqhathaniswa neDola laseMelika nezinye izimali ezibekiwe, ibhalansi ye-akhawunti iyehla, futhi nangokuphambene nalokho. Ibhalansi ye-akhawunti ikhule yaba ngaphezu kwezigidigidi ezingama-500 zamarandi eminyakeni edlule ngenxa yokuthi iRandi liye lehla ngokuhamba kwesikhathi.

Ilungiselelo elish lokuxazulula ukuhlela liyethulwa lokho okuzonciphisa ukuboleka kukahulumeni futhi kwenze ngcono isimo sokulingana seBhange Lombuso.

Ekugcineni, sisondeza iNingizimu Afrika kontanga yethu futhi siqinisekisa ukuhambisana nezinqubo ezinhle kwamazwe ngamazwe. Sizokwehlisa izigidigidi eziyi-150 zamarandi zebhalansi ye-GFECRA uma sesiqinisekise ukuthi imali eyanele iyatholakala ukuze imunce izinga lokushintshisana kanye nokukhona ukukhokhwa kwezikweletu zeBhange Ngodla Lombuso akuphazamiseki.

## UKUSEKELA UKUKHULA KWEZOMNOTHO

Siqale uhlelo olubanzi lwezinguquko zesakhiwo okuhloswe ngalo ukubhekana nezinselelo ezibambezele ukukhula kwethu.

Lolu hlelo lubandakanya izinkundla ezifana nogesi, ezokuthutha, amanzi, ezokuxhumana kanye nezinguquko ze-visa. Ukubuyekezwa Kwesabelozimali kuchaza inqubekela phambili enhle eyenziwe kulezi zindawo eminyakeni embalwa edlule.

Kodwa, izithiyo zilokhu zikhona futhi ngivumeleni ukugxila kokubili okhulu kwalokho.

## *Ugesi*

Ukuchishwa kogesi ngokuwonga kuyinkinga ebhekene nabo bonke abantu baseNingizimu Afrika. Kuphazamisa ukukhiqizwa, ukusebenza kanye nezindlela zokuziphilisa.

Ukwenza izinguquko kulo mkhakha kuzoholela ekuvikelekeni kwamandla kwesikhathi eside. Sithathe izinqumo ezifanele eminyakeni emihlanu edlule futhi lezi zithela izithelo.

Ukukhuthaza okunye okungiwa kwezimali emandleni avuselelekayo, lesi sabelomali sihlongoza ukwanda kwemikhawulo yamaphrojekhthi amadla avuselelekayo angafaneleka ukubekwa phezu kwekhabhoni umbuso, ukusuka kumamegawathi ayi-15 ukuya kumamegawathi angama-30.

U-Eskom uyaqhubeka nokubamba iqhaza elibalulekile emkhakheni kagesi. Futhi uhlelo lokusiza kwizikweletu luvumela inkampane ukuba igxile ebhizinisini layo elikhulu.

Sizokhipha umbiko ngokubuyekeza okuzimele weziteshi zakwa-Eskom zamandla ezibaselwa ngamalahle ngesonto elizayo. Ukubuyekezwa kwenzelwa ukwazisa ingxenye yemibandela ehambisana nohlelo lokusiza kwizikweletu.

Izincomo zizokuphakela izinhlelo zenhlangano yakwa-Eskom ukuqinisa ukuziphendulela kanye nokuqapha.

Kungenxa yenhlanganisela yokutshalwa kwezimali kwabangasese kumaphrojekhthi amasha kagesi, ukufakwa kwamasola ophahla kanye nokuthuthukiswa kwesizukulwane sabakwa-Eskom okuzokwehlisa ukucishwa kugagesi ukuwonga, futhi ukwethembeka kanye nokuphepha kokuhlinzekwa kuyathuthuka.

Ukwengeza, ukuze kusekelwe le mizamo, sethula isibonelelo sesikhashana esisha sezigidigidi ezi-2 zamarandi esikhathini esimaphakathi ukuze kuxhaswe ukukhishwa kwamamitha ama-smart prepaid.

Lokhu kuzoqala ngomasipala abagunyazwe ukuba bathole usizo lwezikweletu.

## *Ezokuthutha*

Ukuze kubhekwane nohlelo lwaseNingizimu Afrika lwezokuthutha olukhula ngokungathembeki, iKhabhinethi igunyaze uMhlahlandlela Wokuthuthwa Kwempahla ngoDisemba 2023.

Ummhlahlandlela uchaza izinyathelo ezisheshayo ezidingekayo ukuze kuthuthukiswe okokusebenza kumachweba, ukutholakala kwesitimela nokuphepha kwezinhleloxhumano.

Uphinde ubeke indlela ecacile yokuthuthukisa ukusebenza kahle, ukwenza lula ukwethulwa kokuncintisana kanye nokusebenzisa ukwesekwa kwezezimali nobuchwepheshe bemboni ezimele. Kulokhu, ukufinyelela kwengxenye yesithathu kuhleloxhumano lukajantshi lokuhambisa izimpahla kuzothulwa ngoMeyi 2024.

Ezikhumulweni zemikhumbi, umlingani ozimele utholakele ukuze athuthukise iChweba lesi-2 eNdaweni Yokulayisha Amakhontena. Lokhu kufanele kukhuphule ukutshalwa kwezimali ngabangasese, ukuthuthukisa ukukhona kobuchwepheshe bamandla futhi nokuthuthukisa ukusebenza kahle.

Uhulumeni unikeze abakwa-Transnet isiqinisekiso sendawo eyizigidigidi ezingama-47 zamarandi ukuze kusekele uhlelo lokuvuselela le nhlangano futhi nokufeza izibopho zayo zezikweletu zamanje.

Njengo-Eskom, isiqinisekiso sihambisana nemibandela. Lezi zimo zidinga ukuthi abakwa-Transnet bagxile emisebenzini yayo emikhulu, futhi ukuze inhlangano ukwazi ukwethula ubudlelwano bomkhakha wangasese. Lokhu kuzokwenza ngcono ukusimama kwabakwa-Transnet futhi kusekele ukusebenza komhlahlandlela.

## *Ukusekela Zokutshalwa Kwezimali Kuzingqalasizinda Zomphakathi*

Somlomo, ngiyaziqhenya ukumemezela ukuthi njengengxenye yalesi sabelozimali, sethula izinguquko ezibalulekile futhi ezifinyelela kude ukuxhasa ngezimali nokwethula izingqalasizinda.

Izinguquko zenzelwe ukwandisa iketango lokubaluleka kwezingqalasizinda ukuze zibe impumelelo futhi ngcono.

Ngale ndlela, sizoqinisa ukuphathwa kokutshalwa kwezimali zomphakathi futhi nokuhlobena neketango lokubaluleka. Sizophinde sihehe ukubamba iqhaza komkhakha ozimele.

Kulokhu:

- Sifake kugazethi izichibiyelo zohlaka lokulawula kwama-PPP ukuze umphakathi uphawule ngalo ekuqaleni kwaleli sonto. Izichibiyelo zihlose ukunciphisa inkimbinkimbi yenqubo yokwenza ama-PPP, ukuwahlomisa ukuze kusekelwe futhi kuphathwe ama-PPP, kwakhiwe imithetho ecacile yokuphatha amabhidi angacelwanga, futhi kuqiniswe ukwengamelwa kwengozi yezezimali.
- Sibuyekeza amalungiselelo esikhungo kanye nokwengamelwa kwezingqalasizinda ekhuthazayo. Inhloso wukwakha izindlela ezicacile zokuziphendulela, zokubambisana kanye nokuxhumana.
- Futhi sihlanganisa imisebenzi efanayo ukuze sinciphise ukuphindaphinda nokungasebenzi kahle. Inhloso ngukusheshisa ukwethulwa kwezidingo, ikakhulukazi izinhlelo zezimali ezihlanganisiwe.
- Sethula amathuluzi amaningana ezezimali amasha, njengamabhondi ezingqalasizinda kanye nezimalimboleko ezinobulula. Njengengxenye yalokhu, kucatshangelwa ituluzi lentela yamaphrojekhthi athile ezingqalasizinda, afana namathrasti nemanye amathuluzi okutshala izimali.
- Ifasitela elisha lokuxhaswa ngezimali kweziphakamiso ngaphansi kohlelo olusha lwamathuluzi ezezimali lizovulelwa izikhungo zikahulumeni maduzane.

Ngalezi zinguquko, izinzuzo ezinkulu kanye nokwethulwa kwezingqalasizinda kuzosheshiswa.

Lokhu kuzohlomulisa imikhakha yamanethiwekhi, yezingqalasizinda zomphakathi, ama-PPP kanye namaphrojekhthi ayinhlanganisela ezezimali.

### *Ukuhambisana Nezezimali Zesimo Sezulu*

Somlomo, iHhovisi Likazwelonke Lomgcinizimali lidlala indima ebalulekile zokuthola izinsiza, ukuklama izikhuthazi, kanye nokuba nomthelela kwinqubomgomo ukuze ihambisane nokuguquguquka kwesimo sezulu.

Njengoba izinhlekelele ezihambisana nesimo sezulu ziya ziqina, kwakhiwa indlela enezigaba eziningi esekelwe ezingozini ukuze kulawulwe ubungozi bezezimali obuhlobene nazo.

Lokhu kucabangela amathuluzi ahlukahlukene okuxhasa ngezimali izimo eziphuthumayo, kubandakanya isiKhwama Sezimali Soguquko Lwesimo Sezulu, kuye ngesigameko nokuqina kwezigameko zezinhlekelele.

UMnyango Likazwelonke Lomgcinizimali ubuyekeza izibonelelo zokubhekana nezinhlekelele ukuze uthuthukise ukusebenza kahle futhi wakhe izikhuthazi zokuhlela izinhlekele, ukuzilungela kanye nokuzinciphisa._

Uphide futhi wakhe uhlaka lwesimo sezulu, ukuhlela, isabelomali ukumaka uhlaka ku ithonya inqubomgomo, kanye nezinqumo zesabelozimali, ngokulandelela izindleko ezihlobene nesimo sezulu kwizabelozimali zomphakathi.

Ukwesekwa kwabahlinzeki bezimali abanemvume enemibandela, njengaMabhange Okuthuthukiswa Kwamazwe Ngamazwe, kuhamba ibanga elide ukuze kusekelwe imizamo yethu yokuguquguquka kwesimo sezulu, ukunciphisa, ukuguqulwa kwamandla kanye nokusimama.

Ukugcwala emkhakheni wangasese kuyadingeka ukuze kuphathwe isikhwama sezizimali zezinhlekelele zesimo sezulu.

Uhulumeni useqokelele izigidigidi ezingama zama-US$3.3 kusukela kuMabhange Aphakathi Kwamazwe Entuthuko kanye zeZikhungo Zezezimali Zamazwe Ngamazwe ukuze kusekelwe ukuguquguquka kwesimo sezulu, amandla, kanye nezinhloso zoguquko ezifanele.

Sibamba iqhaza elikhulu ezingxoxweni zesimo sezulu, sihambisana nokukhuthaza kukahulumeni ukuguqula izikhungo zezimali zamazwe ngamazwe.

Siphinde futhi sisebenze nomasipala abayisishiyagalombili ukuze sivumelane futhi sinciphise imithelela yesimo sezulu kanye nezehlakalo ezihlobene nesimo sezulu, ngokuhlinzeka ngosizo lobuchwepheshe kumaphrojekhthi amakhulu okubhekana nesimo sezulu.

## *Ukusekela Amathuluzi Amasha Okukhiqiza Amandla*

UMthetho Odingidwayo Wamathuluzi Kagesi uchaza isu lethu lokuguqukela ekukhiqizeni nasekusetshenzisweni kwamathuluzi amasha amandla eNingizimu Afrika, kuqala ngezimoto zikagesi.

Uhlose ukuguqula imboni yezimoto isuke ekukhiqizeni ikakhulukazi izimoto zenjini evuthayo ngaphakathi ziye endaweni ekabili ebandakanya izimoto ezisebenza ngogesi, ngonyaka we-2035.

Kuyakhuthaza ukukhiqizwa kwezimoto zikagesi eNingizimu Afrika, uhulumeni uzokwethula isibonelelo sokutshala izimali ezintsha, kusukela mhla zi-1 Mashi 2026.

Lokhu kuzovumela abakhiqizi ukufaka izicelo zamaphesenti ayi-150 okufanelela ukutshalwa kwezimali kuzimoto zikagesi ezithola amandla kuhayidrojini ngonyaka wokuqala.

Isikhuthazi sizosetshenziswa ukwengeza oHlelweni Lokuthuthukisa Ukukhiqizwa Kwezimoto.

Uhulumeni uphinde wabeka eqhulwini izigidi ezingama-964 zamarandi esikhathini esimaphakathi ukuze asekele ukushintshela ezimotweni ezisebenza ngogesi.

## *Ukusebenzisa Uguquko Lokuthengwa Kwempahla*

Malungu Ahloniphekile, uMthethosivivinywa Wokutholwa Kwempahla Kahulumeni wagunyazwa ngokushesha yisiGungu Sikazwelonke. UMthethosivivinywa ochitshiyelwe manje usudluliselwe kuMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe ukuze kutholwe ukuvuma kwawo.

IHhovisi Likazwelonke Lomgcinimafa lisekela izishayamthetho zezifundazwe njengeba zicubungula uMthethosivivinywa futhi kuqhutshwe izingxoxo zomphakathi ezweni lonke.

Lo Mthethosivivinywa uhlinzekela izinyathelo zoguquko ngokubeka eceleni, ukuhlolelwa ukufaneleka phambilini kanye nokuthuthukiswa kwabantu ababencishwe amathuba ngenxa yobandlululo olungenabulungiswa.

Lezi zinyathelo zizosebenza emikhakheni ethile yabantu kubandakanya namabhizinisi amancane aphethwe abantu abamnyama, abesifazane abamnyama, intsha emnyama, abantu abamnyama abaphila nokukhubazeka, futhi namabhizinisi asendaweni ethile kubandakanya ukuphoqelela iguquko ngezinga le-BBBEE.

UMthethosivivinywa futhi wenza ukuhlinzekelwa kokwenziwa kwezimboni ngokusebenzisa izikhundla kanye nezinyathelo zentuthuko esimeme, ukutholwa kwabasebenzi kanye nokuthuthukiswa kwamabhizinisi, phakathi kokunye.

Sazi kahle ukuthi njengamanje, izinqubo zokuthengwa kwempahla ngokuvamile ziyasilela ekuletheni izixazululo ezingabizi kakhulu ezidingweni zikahulumeni.

Futhi kaningi, kukhona ukungafani okukhulu phakathi  kwezintengo ezikhokhiswa uhulumeni kanye nezintengo ezikhona emakethe.

Isibonelo, uhulumeni uthenga ihadiwe ye-ICT efana nama-laptop, amathuluzi okunikezwa kwamandla okungaphazamiseki, amamonitha, futhi namathoni, ezikhathini eziphakathi kuka-1.2 no-2 ubuningi kunezintengo zemakethe.

Uma kubhekwa ukuthi uhulumeni uthenga ngobuningi, empeleni sifanele sikhokhe kancane futhi sisebenzise amandla ethu okuthenga ukuze sithole ukubaluleka okukhulu ngemali yethu.

Ukuthola ukubaluleka kwemali, kanye nemigomo yokusebenza kahle, ubusobala, nokuncintisana, kuhlala kubalulekile. Futhi sifuna ukuqinisekisa iNingizimu Afrika ukuthi le migomo ayihambisani noguquko.

## IZIPHAKAMISO ZEMIKHUBA YENGENISO NENTELA

Malungu Ahloniphekile, insebenzo ebuthaka yomnotho wethu iholele ekwehleni okukhulu ekuqoqweni kwezimali zentela ngonyaka we-2023/24.

Ngezigidintathu eziyi-1.73 zamarandi imali yentela engenayo yonyaka we-2023/24 isilinganiso esiphansi sesabelomalozimali sonyaka we-2023.

Ukushoda kakhulu kungenxa yokwehla kwenzuzo yezinkampani kanye nenzuzo evela ezinteleni zezimayini.

Esikhathini esimaphakathi, izilinganiso zeziimali zentela ezingenayo ziyizigidi ezingama-45.6 zamarandi ngaphezulu kwezilinganiso ze-MTBPS yonyaka we-2023 ezikhulise intela yamaholo abantu kanye neziphakamiso ezengeziwe zezimali zentela zesikhathi esimaphakathi.

Lesi sabelozimali siqukethe izinyathelo zentela ezizoqoqa izigidigidi zamarandi ayi-15 ngonyaka we-2024/25 ukuze kuncishiswe ingcindezi yezimali ngokushesha futhi kusekelwe ukusimama kwizikweletu ngokushesha.

Imali engenayo yentela itholwa kakhulu ngentela yamaholo abantu ngokungalungisi abakaki bentela, izimbuyiselo kanye nekhredithi yentela yezokwelapha ngokwehla kwamandla emali.

Ngentela yentela yemikhiqizo yotshwala, kuhlongozwe ukwenyuka kokwehla kwamandla emali okungaphezu kwamaphesenti angu-6.7 ukuya ku-7.2 ngonyaka we-2024/25. Lokhu kusho ukuthi:

- Ikani likabhiya lukhuphuka ngamasenti ayi-14;
- Ikani le-cider kanye neziphuzo eziwutshwala zezithelo ziya phezulu ngamasenti ayi-14;
- Ibhodlela lewayini lizobiza lingeza amanye amasenti angama-28;
- Ibhodlela lewayini eliqinisiwe lizobiza amanye amasenti angama-47;
- Ibhodlela lewayini elihlohlozelayo lizobiza amanye amasenti angama-89; futhi
- Ibhodlela lezipilithi, kubandakanya i-*whiskey*, i-*gin* noma i-*vodka*, lizokhula ngama-R5.53.

Siphakamisa futhi ukwenyuswa kwentela kagwayi ngamaphesenti ama-4.7 osikilidi, kanye nogwayi ongusikilidi ngamaphesenti ama-8.2 kagwayi wamapayipi namasiga. Lokhu kusho ukuthi:

- Ama-R9.51 ukukhuphuka kamasiga;
- Amasenti angama-97 ukukhuphuka kwephakethe losikilidi; futhi
- Amanye amasenti angama-57 ogwayi wepayipi.

UKamogelo Mogane waseSoweto, ongomunye wabantu baseNingizimu Afrika abangaphezu kwezinkulungwane ezimbili nesikhombisa abathumele amaCebo eSabelomali kuNgqongqoshe, unesiphakamiso engingathanda ukwabelana ngaso.

UKamo uthi: *“Mina ngingaphakamisa ukwethulwa kwentela ekhokhelwa i-hubbly bubbly, ama-e-cigarettes kanye nokunye. Izwe libone ukwanda kwenani lentsha ebhema le mikhiqizo futhi abazali abajabulile neze ngalokhu.”*

UKamo, njengomzali nami, ngivumelana nawe. Futhi ngiqinisekile ukuthi uNgqongqoshe Wezempilo naye uyavuma.

Uzojabula ukuzwa-ke, ukuthi sethula ukukhushulwa kwentela yempahla ku-electronic *nicotine* kanye nezinhlelo zokulethwa kwe-*non-nicotine*, ezaziwa ngokuthi ama-*vapes*, iye kuma-R3.04 imililitha ngayinye.

Kwizintela zemvelo izintela, intela yekhabhoni ikhuphuke isuka kuma-R159 iya kuma-R190 ithani ngalinye le-carbon dioxide mhla zi-1 January 2024.

Intela ye-*carbon fuel* izokhuphuka ifinyelele kumasenti ayi-11 ilitha likaphethiloli kanye namasenti ayi-14 ilitha likadizili kusukela mhla zi-3 Epheli 2024.

Iphepha okuxosisanwa ngalo lichaza iziphakamiso zesigaba sesibili sentela yekhabhoni elizoshicilelwa ukuze umphakathi uphawule ngalo ngasekupheleni konyaka.

Somlomo, sinomqondo othi kakade izindleko zokuphila ziphezulu futhi umthelela intengo yamafutha amandla unezindleko zokudla nezokuthutha.

Kulokhu, siphakamisa ukungakhuphuki kwamafutha jikelele ngonyaka we-2024/25. Lokhu kuzoholela ekukhululweni kwentela elinganiselwa kuzigidigidi ezi-4 zamarandi. Lena yimali ebuyele emaphaketheni abathengi.

Somlomo, inqubekelaphambili yenziwe ohlelweni lokuthatha umhlalaphansi lwezindlela ezimbili kusukela ngagcina ukukhuluma nawe ngesikhathi se-MTBPS.

Izimali ezifakwa ezikhwameni zomhlalaphansi zizohlukaniswa, ingxenye eyodwa kwezintathu iye “engxenyeni yokonga” bese izingxenye ezimbili kwezintathu zingene “engxenyeni yomhlalaphansi”.

Kusukela mhla zi-1 Sephtemba 2024, imali engukheshi yokuqala izodonswa izokwenziwa ukuba yenziwe isuka endleleni yokonga.

Uhlelo lwezindlela ezimbili luqinisekisa ukuthi sithola ukulingana phakathi kokulondoloza imigalelo yokuvikela umhlalaphansi ongcono wamalungu, ngesikhathi kubhekwana nosizi lwabantu lokuthola ezinye zezikhwama zabo zomhlalaphansi ukuze basize ukudambisa imithwalo yabo yezezimali ngezikhathi zencindezi.

Eminyakeni ebambalwa elandelayo, sizoqalisa intela yezinkampani zomhlaba ukunciphisa imiphumela emibi yokuncintisana kwentela.

Izinkampani zamazwe ngamazwe ezinemali engenayo yonyaka engaphezu kwama-euro ayizigidi ezingama-750 zizoba ngaphansi kwe- ngempumelelo kwesilinganiso sentela okungenani ngamaphesenti ayi-15, kungakhathaliseki lapho inzuzo yabo ikhiqizwe khona.

Uguquko oluphakanyisiwe lulindeleke ukuba lwengeziwe izigidigidi eziyi-8 zamarandi kwimali yentela yezinkampani ngonyaka we-2026/27.

Ngikhuthaza amaqembu anentshisekelo ukuba aphawule mayelana noMthethosivivinywa Wentela Encane Yamazwe Omhlaba osasetshenzwa oshicilelwe namuhla.

Isu lethu lenqubomgomo yentela lesikhathi eside lisalokhu ligxile ekwandiseni isisekelo sentela ngenkathi sithuthukisa ukuthotshelwa kwentela nokusebenza kahle kokuphatha.

Inqubekelaphambili Ebonakalayo yenziwe ekwakheni kabusha futhi nasekwenzeni i-SARS isimanje manje.

Isiphathimandla sentela siye sandisa irejista yentela, sathuthukisa ukuqoqwa kwezikweletu futhi sanciphisa ukubuyiswa kwemali ewumgunyathi kanye nezilinganiso zohwebo. Lokhu kuholele ekuthuthukisweni kokuqoqwa kwemali yentela.

Ukuze kubhekwane namazinga aphezulu kagwayi ongekho emthethweni, i-SARS isebenzisa i-CCTV kanye nobuchwepheshe obuhlobene nakho kubakhiqizi bakagwayi abanezimvume. Uphenyo nokushushiswa sekube nomphumela ophakathi kwezigidigidi eziyi-10 zamarandi ezingeziwe ekuhloleleni kusukela kubadlali bendima ababalulekile

embonini engekho emthethweni yegolide kanye nekagwayi, okungukuthi ngaphezu kwezigidigidi ezi-4 zamarandi zivela kubabambiqhaza ababalulekile embonini yegolide nogwayi engekho emthethweni.

Lokhu futhi neminye imizamo kusize ukuthuthukisa imali yentela.

Inselelo yethu enkulu, njengoba ngike ngasho ekuqaleni, ukuthi uphayi wethu awukhuli ngokushesha ngokwanele futhi lokhu kunciphisa amandla ethu okuthola imali eyanele ukuze sisabalalisele ezinkundleni zethu ezibalulekile.

## IZINHLELO ZOKUSEBENZISA IMALI

Somlomo, ngesikhathi se-MTBPS yonyaka we-2023 lapho ukuqoqwa kwezimali zentela kwenze kabi kakhulu kunalokho okwakulindelekile, iminyango kwadingeka ibeke eqhulwini ukusetshenziswa kwemali futhi yamukele ukukhushulwa kwamaholo ngokwesisekelo sayo.

Lezi izinyathelo zathathwa ukuvikela ubuqotho bethu bzezimali. Ngokulinganayo, izinhlelo ezibaluleke kakhulu bekufanele zivikelwe. Lokhu ngukwethula okubonakalayo kokuhlanganiswa kwezezimali okusekela ukwethulwa kwezinsizakalo kanye namaholo omphakathi.

Kusukela lapho, sikwazile ukuhlehlisa okunye ukuhlanganiswa kwezezimali okwamenyezelwa ngesikhathi se-MTBPS.

Kulesi Sabelozimali, ngiyakwazi ukumemezela ukuthi umkhakha wezemfundo wabelwa izigidigidi ezingama-25.7 zamarandi ukuze kuqhutshekwe nezindleko zokukhushulwa kwamaholo esikhathini esimaphakathi.

Ngesikhathi esifanayo, sikwazile ukuvikela izabelozimali zezinhlelo ezibaluleke kakhulu njengohlelo lokudla ezikoleni. Lolu hlelo luhlinzeka ngokudla kubafundi basezikoleni ezicishe zibe i-20,000.

Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kusenesikhathi Kwezingane sabelwe isigidigidi esi-1.6 samarandi esikhuphuka sifiyelele kuzigidigidi ezi-2 zamarandi esikhathini esimaphakathi.

Ezempilo zabelwe isamaba sezigidigidi ezingama-848 zamarandi kwi-MTEF. Lezi zabelo zibandakanya izigidigidi eziyi-11.6 zmarandi zokubhekana nesivumelwano samaholo sonyaka we-2023, izigidigidi ezingama-27.3 zamarandio zezingqalasizinda, kanye nezigidigidi eziyi-1.4 zamarandi kuzibonelelo ze-NHI ngesikhathi esifanayo.

Isabelo se-NHI yinkomba yokuzibophezela kukahulumeni kule nqubomgomo. Kusele uchungechunge lwemisebenzi yokuqinisa uhlelo, okuyizisekelo ezibalulekile zohlelo lokunakekelwa kwezempilo oluthuthukisiwe, okufanele lwenziwe.

Imisebenzi kubandakanya:

- Ukwakha uhlelo lukazwelonke lolwazi lwezempilo kanye namarekhodi olwazi lweziguli;
- Ukuthuthukisa izikhungo zezempilo kanye nokwenza ngcono ikhwalithi yokunakekelwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi ziyahlangabezana nezidingo ezincane okufanele ziqinisekiswe futhi zigunyazwe ukuthola izinkontileka ngaphansi kwe-NHI;
- Ukuqinisa indawo futhi nokuphathwa kwesifunda ekulungiseleleni ukuthola inkontileka;
- Ukunikeza isimo esichishe sizimele (futhi kungenzeka kokunye) izibhedlela ezimaphakathi; kanye
- Ukuthuthukisa izintengo zokudluliselwa futhi nezindlela zokukhokhela umhlinzekeli wezibhedlela.

Eminingi yale misebenzi ivele iyaqhubeka kodwa idinga ukuthuthukiswa okwengeziwe ngaphambi kokuthi i-NHI yethulwe ngezinga.

Somlomo, kube nenqubekelaphambili ebonakalayo ekwenzeni ngcono ukufinyeleleka kwezinsiza zomphakathi zokuthutha abagibeli abahola kancane.

Uhlelo lokubuyiselwa kwezitimela lwe-Ejensi Yabagibeli Bezitimela yaseNingizimu Afrika luyaqhubeka, njengoba sekuvulwe kabusha izindlela ezingama-27 ngoDisemba 2023. Lokhu kuzokhuphula isibalo sabagibeli ku-Metrorail sisuka ezigidini eziyi-15.6 ngonyaka we-2022/23 siye ezigidini ezilinganiselwa kwezingama-48.6 ngonyaka we- 2026/27.

Ukuqinisekisa ngempumelelo ukwenziwa kwemisebenzi yayo ngesikhathi sokhetho, futhi nezinye izibopho zayo ngale kokhetho, iKhomishana Yokhetho Ezimele yabelwa ezinye izigidigidi ezi-2.3 zamarandi. Amaphoyisa kanye nabezokuvikela baphinde

babelwa ezinye izigidi ezingama-350 zamarandi ukweseka ukhetho. Ezinye izigidi ezingama-200 zamarandi zizokwabelwa ukuxhaswa ngezimali kwamaqembu ezombusazwe njengoba amaqembu ezombusazwe elungiselela ukhetho lukazwelonke.

Uhulumeni futhi usekela kuhlaliswa kabusha kwabalimi ngokusebenzisa ukusabalalisa kabusha komhlaba kanye nezinhlelo zokuhlala zezinguquko, ezabelwe izigidigidi eziyi-6 zamarandi ku-MTEF.

Ukuhambisan nokwehla kwamandla emali futhi nokukhuphula ukufinyeleleka, izibonelelo zenhlalakahle ezingunomphela zikhushuliwe.

- Ukukhushulwa ngama-R100 kwisibonelelo sabadala, sezigagayi zempi, kanye nesokuncika ekunakekelweni. Lesi samba sizohlukaniswa sibe ngama-R90 kusukela ngo-Ephreli, kanye nama-R10 kusukela ngo-Okhthoba;
- Ukukhushulwa ngama-R50 isibonelelo sabakhulisa izingane ekungezona ezabo; futhi
- Ukukhushulwa ngama-R20 kwisibonelelo sesondlo sezingane.

Siyazwela ukukhuphuka ezindlekweni zokuphila cishe zabantu baseNingizimu Afrika abayizigidigidi eziyi-19 abathembele kulezi zibonelelo ukuze baziphilise.

Kulokhu, senziwe njengoba imvilophu yezimali ivumela.

Okwamanje uyaqhubeka umsebenzi wokuthuthukisa isiBonelelo Sikahulumeni Sosizo Lwenhlalakahle Lwe-COVID-19 ngo-Ephreli kulo nyaka. IHhovisi Likazwelonke Lomgcinimafa lizosebenzisana noMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi ekuqinisekiseni ukuthi ukuthuthukiswa kwalesi sibonelelo kufakwe emithethweni yokugcina.

Lokhu kuthuthukiswa kuzoba ngaphakathi kohlaka lwezezimali lwamanje. Ukuze kwelulwe isikhathi sesibonelelo ngemuva kukaMashi 2025, kuzophothulwa izinguquko zenqubomgomo yezokuvikelwa komphakathi, kanye nomthombo wezimali.

Senze futhi umbandela wokuhlinzekwa kwamaphulo abaluleke kakhulu okuhlosiwe ngawo ukudalwa kwemisebenzi.

Izigidigidi ezingama-61.4 zamarandi zabelwe izinhlelo zemisebenzi esikhathini esimaphakathi. Izigidigidi ezi-7.4 zamarandi sezihlonzelwe uHlelo LukaMongameli Lemisebenzi.

Uhulumeni uphinde futhi ubeka eqhulwini ukulwa nobugebengu futhi nenkohlakalo ngokugxila ekuthuthukiseni izinhlaka zokuphoqelelwa komthetho. Isamba sezigidigidi ezingama-765 zamarandi sibekelwe iqoqo lokuthula nezokuphepha.

Kunyakazimali ozayo, izi-10,000 zamaphoyisa ababuthiwe amasha  azoqeqeshwa.

Njengengxenye yesibopho sezwe sokukhuthaza ukuthula nokusimama kwesifunda, lesi sabelomali sizophinde sabe izimali zokuthunyelwa kwamasosha eMozambique nase-DRC.

Umsebenzi wokubiza izindleko kanye nokuhlonza izidingo zalezi ntshisekelo ezibalulekile izoqhubeka unyaka wonke futhi imali izokwabiwa kanjalo.

Izigidi ezingama-628 zamarandi zabelwe uMnyango Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo ukuze kuqaliswe izincomo ze-FATF kanye nezsKhomishana Yokuqhagwa Kwamandla Ombuso okwenza imali isiyonke kule mizamo ibe izigidigidi ezi-2.3 zamarandi.

Uhulumeni usebenzisa izigidigidi ezi-2.9 zamarandi ase-Akhawuntini Yokutholwa Kwempahla Yobugebengu ukuze alwe nobugebengu bokumba izimayini ezingekho emthethweni kanye nobunye ubugebengu obuseqhulwini, ngamaphesenti angama-60 abekelwe ukujutshwa kwamaphoyisa, okubandakanya nokuthengwa kwezimoto.

Lesi sabelozimali siphinde sibeke eqhulwini ukuhlinzekwa kwezingqalasizinda. Uhulumeni uhlela ukutshala izimali ezingaphezu kwezigidigidi ezingama-943 zamarandi kwizingqalasizinda zomphakathi.

Ukusetshenziswa kwezimali kuzokweseka ukulungiswa nokugcinwa kahle kwempahla ekhona kanye nokwakhiwa kwezingqalasizinda ezintsha.

## UPHIKO LOKUQOKELELWA KWEZIMALI ZENTELA

Somlomo, isigidintathu esi-2.8 samarandi, noma amaphesenti angama-51.1, azo zonke izindleko ezingezonzi nzalo, sabelwa izifundazwe nomasipala kule minyaka emithathu ezayo.

Izigidigidi ezingama-531.7 zamarandi zabelwa ohulumeni basekhaya, kanye nezigidintathu ezi-2,3 zamarandi ezabelwe izifundazwe.

Ezinye izigidigidi eziyi-105.5 zamarandi zabelwa izifundazwe eminyakeni emithathu ezayo ukuze kuhlangatshezwane nezindleko zokuqaliswa kwesivumelwano samaholo abasebenzi bakahulumeni sonyaka we-2023, ikakhulukazi emikhakheni yezemfundo nezempilo.

Ukuhlinzekwa kwalezi ezinye izimali kuzosekal ingcindezi yezimali zamaholo ebheke minyango ebalulekile, edinga abasebenzi kakhulu, ngenkathi ikhulula izinsiza zokutshala izimali ezinkulu kanye nezimpahla kanye nezinsizakalo.

Ngaphezu kwalokho, ukwehliswa obekwenziwa ngaphambilini kwezinye izibonelelo kuhoxisiwe. Ukubuyisela isisekelo salezi zibonelelo kuzosiza ukugcina izinsizakalo ezibalulekile kubantu abasengozini kakhulu futhi kuhlinzekele ukutshalwa kwezimali ezinkulu ezibalulekile.

Nokho-ke, ukuze kuqinisekiswe ukuthi ezezimali zomphakathi zihlala zisimeme, kwehliswa kwezinye izisekelo ezimbalwa, nakuba eziningi ziqhubeka nokukhula eminyakeni emithathu ezayo ngale kokwehliswa.

Mayelana nomasipala, ezinye izigidigidi ezi-1.4 zamarandi zihlizekelwa isibonelelo somasipala sokubhekana ne nezinhlekelele ukuze kuxhaswe ngezimali ukulungisa futhi nokwakhiwa kabusha kwezingqalasizinda ezilinyazwe izikhukhula ezimbi zonyaka we-2023.

Somlomo, omasipala bawumgogodla wokwethulwa kwezidingo. Ngokudabukisayo, inani elingamukelekile labo linobuthakathaka ekwengaleni, ekuphathweni kwezimali, nasekwethulweni kwezinsiza.

Ukubhekana nalezi zinselelo, kanye nokuguqula omasipala babe izinjini zokukhula, sesamukele indlela emkhakhaningi..

Igxile ekuqiniseni izinqubo zisabelozimali, ukuqinisa ukuqapha, ukwanda kwamakhono kanye namandla abasebenzi bakamasipala, kanye nokuqhuba ukutshalwa kwezimali ekugcineni nokwakha izingqalasizinda.

## UNYAKA OZAYO

Somlomo, kulo nyaka izwe lethu lengamela imihlangano yonyaka yeBhange Lentuthuko Elisha, okuzokwenzeka okwesibili kusukela kwasungulwa i-BRICS.

Ngonyaka we-2025, iNingizimu Afrika izothatha ubumongameli be-G20, kulandela lobo be-Brazil ne-India ngaphambi kwalokho.

Ubumongameli baseNingizimu Afrika be-G20 yithuba lethu lokuqhubekisela phambili imidanti ecindezela kakhulu ezomnotho, intuthuko, kanye nezezimali ezibhekene namazwe ampofu nasathuthuka. Njengoba uMongameli Ramaphosa asho kahle enkulumweni yakhe Yesimo Sezwe, ihloso yethu “ukubeka intuthuko ye-Afrika phezulu ku-ajenda lapho sibamba i-G20 ngonyaka we-2025”.

Sisebenzela ukwabiwa okufanele kanye nokuhlonzwa kwezimali ukuze siqinisekise ukuthi imicimbi eyahlukene iba yimpumelelo. Njengoba sikhombisile kamuva nje, iNingizimu Afrika isalokhu ingumholi obalulekile wesifunda kanye namazwe ngamazwe.

Ngokubamba iqhaza kanye nokumela ezinkundleni ezifana ne-G20, singaphusha uguquko olukhulu lwezikhungo zamazwe ngamazwe njenge-IMF neBhange Lomhlaba, ukuze amazwe asathuthuka akwazi ukubamba iqhaza ngokulinganayo ezinqutsheni zokuthatha izinqumo kanye nokwengamela komhlaba wonke.

Isibindi sokuziphatha kanye nolwazi akuntuli ezweni lethu. Sifanele sisebenzise lezi zipho, hhayi nje ukuze sizithuthukise thina nomnotho wethu, kodwa ukuze kuzuze izwekazi lonke.

## ISIPHETHO

Somlomo, lide ibanga esesilihambile kule minyaka engama-30 edlule. Iminyaka engama-30 ezayo, kanye nanoma yiziphi izinselelo namathuba abangahle iyilethe, yizinto okufanele sizibheke ngabomvu.

Uma sibheka isikhathi sethu esidlule esinzima, kanye nezinye zezinselelo ezingenakugwemeka esibhekane nazo njengezwe lentando yeningi elisakhula lizama ukuthola indawo yalo emhlabeni ogcwele izingqinamba eziningi ezintsha nezihambisanayo, kungalula ukuzitika ngokweqisa; bokungathembeki okuwubumpumputhe noma bokungabi nathemba okukhubazayo.

Sifanele ukumelana nakho kokubili lokhu kweqisa.

Kunalokho, sifanele silalele amazwi kaMongameli wethu wokuqala wentando yeningi, uNelson Mandela, owabona ngaphezu kwabaningi ukuthi ukulwela ubulungiswa benhlalakahle nezomnotho kanye nokuchuma okwabelwanayo kuwuhambo kunokuba indawo okuyiwa kuyo.

Ngivumele ngimcaphune kabanzi:

“Ngiwuhambile lowo mgwaqo omude oya enkululekweni. Ngizamile ukungantengi; Ngenze amaphutha endleleni.

Kodwa ngithole imfihlo yokuthi ngemuva kokukhuphuka igquma elikhulu, umuntu uthola ukuthi maningi amanye amagquma okufanele aqwale.

Ngithathe umzuzu lapha wokuphumula, woweba isithombe esihle sendawo enhle, ukubuka emuva ibanga engilihambile.

Kodwa ngingaphumula kuphela isikhashana, ngoba inkululeko iza nezibopho, futhi angilokothi ngibambezele, ngoba uhambo lwami olude alukapheli.”

*Inde lendlela.*

Somlomo, njengoba sengiphetha, ngifuna ukukhumbuza abantu baseNingizimu Afrika ukuthi umyalezo okufanele bawuthathe kulesi Sabelozimali yilona: uhulumeni wenza konke ngezinsiza ezincane kakhulu. Siyaqhubeka:

- Ukusekela ukukhula komnotho;
- Ukuciphisa ukukhula kwesikweletu sikahulumeni kanye nezindleko zesikweletu; futhi
- Saba ezinye izimali zezinsizakalo ezibalulekile, ukuhlinzekela amaholo omphakathi kanye nokulondoloza isabelozimali sezingqalasizinda.

Ngibonga kuMongameli kanye nakuSekela-Mongameli ngokuqhubeka nokungeseka kanye nobuholi.

Ngibonga uSekela-Ngqongqoshe Wezezimali, uDkt David Masondo, kanye nethimba elihle kakhulu leHhovisi Likazwelonke Lomgcinimafa eliholwa uMqondisi-Jikelele, uDkt. Duncan Pieterse.

Ngibonga uKhomishana woPhiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika kanye noMengameli Webhange-Ngodla LaseNingizimu Afrika.

Ngibonga ozakwethu phakathi eKomidini Longqongqoshe ngeSabelozimali kanye naseMkhandlwini Wesabelozimali ohlanganyela umthwalo onzima wezinqumo ezinzima esizithathayo ukuze silondoloze izimali zomphakathi ezisimeme.

KumaKomidi ePhalamende Ezezimali, Ukwabiwa Kwezimali Nama-akhawunti Ezimali Zomphakathi, ngizwakalisa ukubonga kwami okukhulu.

Kumkami nomndeni wami, uthando lweni, ukusekela nokubekezela kwenu kuwugqozi lansuku zonke. Okokugcina, ngibonga wonke umuntu waseNingizimu Afrika.

Ngiyabonga.

